Asrrâ\200\230(t.y\i i e T8

UMHLANGANO WESITHUPHA WOMKHANDLU
WESIHLANU WAKWAZULU OSHAYUMTHETHO

INKULUMO YOMGOMO

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZ],
UNDUNANKULU

ONDINI MASHI 1994

KUSUKA EKHASINI 46 KUYA EKHASINI 54

okuyothi ngemuva kwalokho ukugqunywa kwakhe esitokisini kunokuqhubeka kuphela ngesinqumo senkantolo esisekeleke ezizathwini ezonobufakazi balokho okuthiwa kwenzekile.

Noma ngubani ogqunywa esitokisini noma obekwa icala unelungelo lokungakhulumi. Noma ngubani obekwa icala elinesijeziso sokugqunywa ejele unelungelo lokusebenzisa ummeli, okungathi nxa enengawo amandla okusebensisa ummeli inkantolo iyokhomba ummeli oyokhokhelwa nguhulumeni. Kuyoba nelungelo lokusebenzisa ummeli kunoma yiliphi nakowowonke amacala lowo omangalelweyo athinteka kuwo.

Ukugqunywa esitokisini ngaphambi kokugwetshwa kuyoqondana kuphela namacala anqunywe ngumthetho futhi ngeke kudlule ezinyangeni ezintathu.

Noma ngubani ogqunywa esitokisini, oboshwayo noma olahlwa ngecala ngokungemthetho uyoba nelungelo lokuvuselelwa kwesimilo, ukukhululwa ezibopheni ezihambisana nokulahlwa kwakhe yicala kanye namanye amalungelo anqunywe ngumthetho

Noma yimuphi umkhakha kahulumeni onamandla uyokwazisa noma ngubani ophenywayo noma ngabe uphenyelwa siphi isizathu.

Kakukho muntu oyoquliswa icala elifanayo kabili. Kakukho muntu ongabekwa icala ngokuziphatha okwenzeka ngesikhathi lokho kuziphatha kwakungelona icala, futhi kakukhonhlawulo ayohlawuliswa ngayo eyedlula leyo eyayisebenza ngesikhathi sokwenziwa kwecala. Ngeke kubekhona ukuhunyushwa ngokughathanisa noma ngokuhunyushwa okusukela emuva komthetho wamacala egazi.

- Noma ngubani unelungelo lokuquliswa icala ngendlela ephuthumayo, evulekileyo nesobala nokuba abuze labo abammangalelayo ecaleni. Wonke amacala ayosekeleka esimisweni sesimangalo futho ayohambisana nelungelo lokudlulisa icala lapho kukhona iphutha emthethweni.

Kakukhomuntu onokususwa ejajini elinamandla kulolohlobo lwecala ngesikhathi icala elenziwa ngalo. Ngeke abekhona amajaji asetshenziswa ezimeni eziphuthumayo. Noma yimuphi umuntu obekwe icala unelungelo lokuquliswa lelocala enkantontolo

engachemiyo, ekhululekileyo nenekhokho. Noma ngubani uyothathwa njengomuntu ongenalo icala kuze kufakazeleke ukuthi unecala.

Ukuhamba nokuthutha

Wonke umuntu uyobanelungelo lokuhamba, ukuthutha nokuhlala ngaphakathi noma ngaphandle koMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika. Kakukhomgomo kahulumeni ophoqelela ukuthutha kwabantu oyovotelwa. Noma yisiphi isakhamuzi soMpheme weZifunda weRiphabliki yaseNingizimu  ne-Afrika siyobanelungelo lokuhlala kunoma iyiphi ingxenye eyendawo yoMpheme.

Ilungelo lomuntu langasithe

Wonke umuntu uyobanelungelo lokuvikelwa kwelungelo lakhe langasithe, lempilo eqondene naye, elendawo ahlala kuyo, nokuvikelwa kwesithunzi sesiqu nesithunzi segama lakhe. Konke ukuxhumana kwangasithe nazozonke izinhlangothi zempilo yomuntu yangasithe kuyovikelwa. Ukuseshwa nokuboshwa kwempahlakungavunyelwa kuphela phezu  kwesisekelo sencwadi ekhishiweyo egunyaza lokho ekhishelwe phezu kwesisekelo sobufakazi obusekela lokho okushiwo ngaye, nasemacaleni naseziqinisekweni ezinikezwa ngumthetho. Ukuseshwa  kwesiqu somuntu kuyovunyelwa njengesehlo esihambisana nokuboshwa nokugqunywa komuntu esitokisini ngokomthetho.

Noma ngubani unelungelo lokufinyelela olwazini oluqgoqwe ngaye nguHulumeni noma imininingwane yangasithe noma inqolobane yolwazi.

- ï¬\201fï¬\201jluleko yezinhlelo zokuSakaza iziNdaba

Noma ngubani unelungelo lokukhipha asakaze okubhaliweyo. Amaphephandaba nezinhlelo zokusakaza izindaba ziyobanelungelo lokwazisa umphakathi ngezindaba ezithinta izidingo zomphakathi lokho kwenzelwe phezu kombandela wokuthi ngeke bakhiphe ulwazi olungelona iginiso njengomphumela wobudedengu bezinga eliphezulu noma inzondo emsebenzini wabo wobugcwepheshi. Izinhlelo zokusakaza izindaba zingase zibe nesibopho sokulungisa lonke ulwazi oluyiphutha abalukhiphayo olulimaza igama labanye.

28.

26.

217,

Ukubuthana nokuhlanganyela

Wonke umuntu unelungelo lokubuthana nabanye ngokuthula. Kakukho nothisi eyodingeka yokubuthana endaweni yangasithe noma endaweni evulekele umphakathi. Nxa kuzobuthanwa endaweni yomphakathi kufanele kunikezwe inothisi ngaphambi kwesikhathi emkhandlwini onamandla ongase ukwenqabele lokhokubuthana kuphela lapho kucatshangelwa khona ukuvikeleka nokuphepha komphakathi okufaneleyo. Wonke umuntu unelungelo lokuhlanganyela nganoma iyiphi injongo esemthethweni. Izinhlangano ezighuba izinjongo zombusazwe ngqo noma ngenye indlela yokuvivisela ezempi noma inhlangano esebenza ngendlela efana neyempi ngeke zivunyelwe.

Amalungelo omndeni

Owesilisa nowesifazane banelungelo lokuhlangana emshadweni ngokulandela izinkambiso nangokwemukela izibopho namathuba abazikhethela wona. Kepha bobabili abashadileyo bayobanamalungelo ezibopho nesithunzi ngokulinganayo. Bobabili abazali bayobanesibopho sokukhulisa, ukwakha nokufundisa izingane, ngisho noma zizalwe ngaphandle komshado. Umthetho uyoqiniseka ngokuba amalungelo nokuvikelwa enhlalweni yomphakathi okunokuqhathaniswa nokwezingane ezizalelwe emshadweni kuyodluliselwa nasezinganeni ezizalelwe ngaphandle komshado njengoba ziyothathwa njengezingane ezizalelwe emshadweni. Bobabili abazali banelungelo

nesibopho sokubanesandla ekugcinweni kwezingane nalapho lokhu kwenzelwa phezu kwesisekelo sezimo ezithile zalolodaba. Bobabili abazali banelungelo nesibopho sokukhetha uhlelo nemfundo eyemukelekayo yezingane zabo.

Inkululeko yokuzala

Bonke abantu abanalesosifiso bayobanelungelo lokuzikhethela ezindabeni zokuzala, kuhlangene nelungelo lokufundiswa ngezindaba zobulili, ukusebenzisa izindlela zokuvimbela inzalo nokunqamula ukukhulelwa okungafunekiyo nxa lokho kuphephile. Noma ngubani ofumana lezizenzo zingemukelekile uyobanelungelo lokuvikela isigaba sezidingo zakhe kunoma yiziphi zalezizenzo nokuthintwa yizo nganoma iyiphi indlela.

Amasiko nenqubo yeNdabuko

Wonke umuntu uyobanelungelo lokusebenzisa, ukughuba, ukugqinisa, ukugcina nokukhuthaza noma yiliphi isiko, ulimi, indlela yendabuko noma inkolo. \

Alungelo esintu eSakhiweni

Wonke amalungelo esintu ayisisekelo nawowonke lawomalungelo ayingxenye yezidingo nezilokotho zesintu eziyisisekelo njengoba zidaleka ngezinguquko nokukhula komphakathi, nanjengoba ziyokwamukeleka phezu kwesisekelo semigomo okwakhelwe kuyo imibandela yalesisakhiwo, ayagxiliswa kulesisakhiwo kanti futhi akanakuguqulwa kulokho okumqoka akuquketheyo ngendlela yokuchitshelwa kwesakhiwo.

AMALUNGELO ENHLALO YOMPHAKATHI NAWOMBUSAZWE

Amalungelo ezomnotho :

30. Uhwebo Olukhululekileyo

Ilungelo lezinyathelo zomnotho ezikhululekileyo nohwebo olukhululekileyo kuyokwemukelwa kuvikelwe kukhuthazwe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika nemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyolekelela amabhizinisi amancane uwahlinzeke ngezinye izindlela zokukhuthaza ukufinyelela emathubeni omnotho. Ngaphakathi kwemidiyo emiswe ngumthetho wokuvikela _izidingo zomphakathi, lowo nalowomsebenzi wezohwebo uyokhululeka â\200\234ukukhetha nokuhlela izindlela zokukhiqiza njengoba ubona kufanele.

31 Inkululeko yezivumelwano

Ngokusebenza ngaphakathi kwediyo emiswe ngumthetho wokuvikela izidingo zomphakathi, uMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyokwemukela uvikele ilungelo lomuntu ngomuntu lokuziqondisela nokuzihlelela izidingo zakhe kwezomnotho nakwezinye izindaba ngokusebenzisa

32,

23

34.

% o B

36.

izivumelwano ezinokuphogelelwa emthethweni zokughuba imigomo nezinjongo zabo.

Umthetho wezohwebo nokushona ebhizinisini

Yilowo nalowombuso wesifunda esiyilungu lompheme uyokhuthaza isimo esifanayo emithethweni yawo yezohwebo neyokushona emabhizinisini naleyo esebenza kweminye imibuso yezifunda namazwe.

Izidingo zezimvume namaLayisense

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika ngeke ucindezele ukuziphatha kwabantu ezidingweni ezingafanele nezingadingekiyo zamalayisense nezimvume. Izimvume namalayisense kuyokhishwa phezu kwesisekelo samazinga nemibandela enezinjongo nefanelekileyo.

Impahla eqondene nothile noma abathile

Impahla eqondene nothile noma abathile iyoginiswa ivikelwe. Izilinganiso eziqondene nokusetshenziswa nokusizakala ngempahla eqondene nothile noma abathile zinokuphoqelelwa ukuze zenelise izidingo zenhlalo yomphakathi, indawo nezinye izidingo ezihlangeneyo. [lungelo lokudlulisa impahla yomuntu ngesivumelwano noma njengefa kuyovikelwa ngendlela ehambisana nokusetshenziswa okunokubonelela kwamandla okugoqwa kwentela.

Ukwephucwa komuntu ilungelo lobunikazi bempahla
UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu

ne-Afrika noma ngomunye umkhandlu ogunyazwe ngumthetho unokwephuca umuntu ilungelo lobunikazi bempahla lapho lokho

. Xkuyisidingo somphakathi phezu kombandela wokukhokhwa ngokushesha

-kwesinxephezelo esifaneleyo esihambisana nentengo esebenzayo ngalesosikhathi.

Impahla yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu

ne-Afrika noma imikhakha esebenza egameni lompheme banokuba ngumnikazi wempahla njengempahla eqondene nomuntu othile noma

yomphakathi. Impahla yomphakathi kayikwazi ukwehlukaniswa noma iboshezelwe futhi iyohambisana nokusetshenziswa kwemisebenzi yomphakathi noma esingethwe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo noma imikhakha esebenza egameni lompheme ukwenelisa izidingo zomphakathi. Umthetho uyomisa imigomo yokufunyanwa, ukuphathwa nokuhlelwa kabusha kwempahla yomphakathi. [Phalamende liyokhipha umbiko waminyaka yonke ngempahla esezandleni zoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo likhombe nendlela leyompahla esyoetshenziswa nokuhlelwe ukuba isetshenziswe ngayo, ukugcinwa kwayo nezindleko zokuyigcina.

Imisebenzi yoMphakathi

Kakukhomsebenzi oyofunyanwa noma ughutshwe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika njengomsebenzi ogodliweyo noma njengomsebenzi wokuncintisana ngenkululeko, futhi kakukho lusizo oluyohlinzekwa emphakathini ngaphandle kokuba lugunyazwe ngumthetho okhombisa isidingo somphakathi nokwehluleka kwesigaba esizimeleyo ukwenelisa lesosidingo ngekhono nokuthembeka okulmdeleklleyo Nxa lezizidingo zingasekho, umsebenzi lowo noma usizo kuyoguqulwa kwenziwe umsebenzi oghutshwa yimikhakha ezimeleyo .

Yonke impahla enokuthintwa ngezandla nengenakuthintwa ngezandla yoMpheme weZifunda weRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika ngaphansi kwemithetho nezilinganiso ezifanayo njengalezo ezimiswe kulesisakhiwo maqondana nempahla yombuso.

Impahla eqondene nabantu bonke

UMpheme Wezifunda ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukuba yemukele ivikele impahla eqondene

sabantu bonke. .Impahla eqondene nabantu bonke iyophathwa yeluswe -yimithetho yeNdabuko neyamaSiko.

Inqubo yokuthiya uhwebo

Konke ukuzigodlela amagunya , nazozonke izenzo nezivumelwano ezithiya uhwebo nokuncintisana okukhululekileyo phakathi kwemibuso yezifunda kuyokwenqatshelwa.

Ezolimo

42.

43.

UMpheme Wezifunda ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukukhuthaza ukulima okunomkhiqizo, ukusetshenziswa nokwabiwa komhlabathi namathuba okufinyelela kwezakhamizi

ebunikazini bomhlabathi ngendlela enobulungiswa nobugotho emphakathini. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyobuye ulekelele imibuso engamalungu ompheme ukukhuthaza ukubambisana kwezolimo ulekelele nabalimi ekukulandeleni izinhlelo zobambiswano.

AMALUNGELO OMPHAKATHI
Ilungelo lemfundo

Zonke izakhamizi ziyobanelungelo lokufumana imfundo eyisisekelo nokuviviswa emisebenzini yobungcwepheshi. UMpheme Wezifunda ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika unokumisa amazinga okulekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ekunqumeni isikhathi nezinga eliphansi kunawowonke lezidingo zemfundo emfundweni ephogelelwayo. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyosekela izilokotho zezakhamizi ekufinyeleleni emfundweni ephakemeyo ngokusebenzisa imifundaze nangokukhuthaza amazinga aphezulu kunawowonke ekhono emfundweni.

Zombili izikole ezizimeleyo nezomphakathi ziyokwenia isiginiseko sokuthi ivulekile futhi iyalingana intuba yokufinyelela emathubeni emfundo. Abazali bayobanelungelo lokuhlanganyela ekuphathweni

nasekughutshweni kwezikole zezingane zabo.

Ilungelo lokusebenza

fV;o;ike umuntu uyobanelungelo lentuba yokufinyelela kunoma yiliphi

ithuba lomsebenzi nanemfundo eyeneleyo yokusebenza. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyokuthatha njengento ephuthuma kunazozonke ukukhuthaza ukuqashwa ngokugcweleyo kwazozonke izakhamizi. Akekho umuntu okuyonqanyulwa ukuqashwa kwakhe ngezizathu zombusazwe noma ngendlela ephula amalungelo akhe avikelwe yisakhiwo. Wonke umuntu uyobanelungelo lokufumana ukuvuzwa okungakhethiyo ngomsebenzi wakhe, uyoba nelungelo okungenani losuku olulodwa lokuphumula

ngeviki esikhathini esithile sekhefu elikhokhelwayo ngonyaka nasekukhokhelweni imali yokwehlukana nomsebenzi esikhathini sokunqanyulwa kokuqashwa kwakhe. Zonke izisebenzi ziyobanelungelo lokukhokhelwa izimali zokuvikeleka komphakathi, izimpesheni, izimali zezinkubele nezinye izimali zokungaqashwa njengoba kunqunywe ngumthetho wemibuso engamalungu ompheme.

Ukuvikelwa kwabesifazane

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyosebenz angendlela yokuba uqiniseke ukuthi yomibili imithetho. owompheme wezifunda nowemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme iyakwedlulisela ukuvikelwa okuphuthumayo kwabesifazane ngokwemukela umsebenzi nesimo sabo emphakathini. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukugqinisa izinsuku zokuphumula kwabakhulelweyo abayobeletha, uhlinzeke nosizo konina abayingxenye yebutho lezisebenzi nokugqinisa intuba elinganayo yokufinyelela kwabesifazane emathubeni ombusazwe, inhlalo yomphakathi nezomnotho,ngokuphathwa kwabo ngendlela eqondene nabo namathuba agondene nabo okuyosebenza kuz ekufike isikhathi lapho isimo sabesifazane eMphemenei Wezifunda Ezibambiseneyo sesenziwe sabangcono ngendlela ebonakalayo.

Izakhamizi ezindala

Umpheme wezifunda ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukukhuthaza ukuzimela kwezakhamizi ezindala kwezomnotho uhlinzeke nemisebenzi yokulekelela umphakathi ukulekelela izakhamizi ezindala maqondana nezindlu zokuhlala, ukunakekelwa, impilo, nezidingo zamasiko nokuzithokozisa.

Umpheme wezifunda ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukukhuthaza izimo zokuhlanganyela kwentsha ngenkululeko nangendlela esebenzayo entuthukweni yezombusazwe, ezenhlalo yomphakathi, ezomnotho namasiko.

Izikole

48.

49.

50.

51.

52

Wonke umuntu uyoba nelungelo lokusungula izikole ezizimeleyo. Izikole ezizimeleyo ziyobanamandla okuzinqumela ezazo izinhlelo zezifundo ngaphakathi kwemidiyo emiswe ngumthetho wemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme neyompheme wezifunda ezibambiseneyo ngezinjongo zokwemukela nokufaneleka kweziqu zemfundo.

Amanyuvesi

Wonke amanyuvesi omphakathi namaziko emfundo ephakemeyo eMphemeni Wezifunda Ezibambiseneyo ayobanelungelo lokuziphathela ukuhlelwa nokughutshwa kwawo ngaphakathi kwemidiyo emiswe ngumthetho wemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme.

Ukunakekelwa kwempilo

Zonke izakhamizi ziyobanelungelo lokufumana ukwelashwa nokunakekelwa lapho kunesidingo khona. Umthetho wemibuso yezifunda ezingalungu ompheme uyolawula ukufezwa kwalelilungelo. UMpheme Wezifunda ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukudala imigomo yokuvinjelwa kwezifo, ukwelashwa, ukuvuselelwa nokuhlanganiswa kwalabo abanokukhinyabezeka ngokomzimba, imizwa nengqondo, sekuhlangene nalabo abaphethwe yizifo zokujwayela izinto ezifana nezidakamizwa.

Izimo zemisebenzi

Umthetho uyoqiniseka ngokuphepha kwezimo zemisebenzi uhlinzeke namalungiselelo aphuthumayo okuvikela abesifazane, abantu abasebancane nezisebenzi ezingaviviswanga kuleyomisebenzi.

Ukuhlinzekwa kwezindlu zokuhlala.

=UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyolekelela imibuso yezifunda

-ezingamalungu ompheme ukukhuthaza izimo zokuqinisa ukuthi zonke izakhamizi zinalo ithuba lokuhlala endaweni enesithunzi yokuhlala futhi uyodala amalungiselelo okuthenga izindawo zokuhlala ngokulungisa izinhlelo zezikwenetu nokunye. Zonke izakhamizi zinelungelo lokufumana indawo yokukhosela futhi ziyoba nentuba elinganayo yokufinyelela emathubeni okuhlinzeka izindlu zokuhlala.

Ukucwaninga, ubuCiko noKufundisa

54

K
/ Inkululeko yokucwaninga okuhambisana nemisebenzi yesayensi,

ukuzwakaliswa kobuciko kuzozonke izimo zabo ngokufundisa
kuyemukelwa futhi kuyoqiniswa.

53. Tlungelo lendawo ethokozisayo nehlanzekileyo

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyokwemukela amalungelo ezizukulwane ezikhona nezangomuso zezakhamizi ukuba zihlale futhi zisizakale

ngendawo ethokozisayo nehlanzekileyo. Umthetho uyolawula izimo nemidiyo lapho izakhamizi zinokufaka khona izimangalo egameni lomphakathi zimangalele labo abadala ukulimala kwendawo. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyolekelela imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ekuvikeleni nasekukhuthazeni izinga lendawo yezidalwa ezingabantu neyemvelo, futhi unokumisa amazinga nezisekelo zendawo okunokunqunyelwa phezu kwazo.

54. Amalungelo ezisebenzi

Wonke umuntu uyobanenkululeko yokwakha nokujoyina izinyonyana zezisebenzi nezinhlangano zabaqashi. Imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme iyohlonipha ivikele ilungelo lokuteleka kepha inokukunqumela ukusetshenziswa kwalo ezimeni ezinqunwe ngumthetho ngezizathu zokuvikeleka nokuphepha komphakathi. Izinhlangano zezisebenzi ziyobanelungelo lokubonisana nokughuba izivumelwano nokuzifunela amathuba njengamaqoqo eziyosebenza ngamandla omthetho lapho kuqondene nohlelo oluthile Iwezisebenzi ezingaphansi kwaleyomibandela _mehlinzekwa ngumthetho. Ngesikhathi sokubonisana inhlangano
Â« yezisebenzi iyomelwa ngokwesibalo samalungu ayo. Izinyonyana
,,kâ\200\230gzlsebenm ziyobanelungelo lokughuba imisebenzi yazo efaneleyo
˜endaweni yokusebenza ngenhloso yokwenza ngcono izimo zokusebenza. Imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme inokuphogqelela izidingo phezu kwezinyonyana zezisebenzi ngenhloso yokuqiniseka kuphela ukuthi zigqugquzelwa futhi zighutshwa ngentando yeningi epheleleyo ngaphakathi.

AMALUNGELO EZOMBUSAZWE

55

Ilungelo loKuvota

Zonke izakhamizi ezineminyaka engu-18 nangaphezulu yobudala ziyobanelungelo lokuvota. Ukuvota kuyoba yinto eqondene nomuntu, eyimfihlo ekhululekileyo nelinganayo. Ilungelo lokuvota linokulengiswa ngesinqumo sejaji esikhomba ukuntuleka kwekhono lokufaneleka, noma yisigwebo esingenakuhoxiswa samacala amakhulu anqunywe ngumthetho.

Umthetho wemukela, noMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika, kusetshenziswa kwelungelo lokuvota kwezakhamizi ezingaphandle koMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo.

Ilungelo lokwenza izinxuso nokusungula ukushaywa kwemithetho. Noma yisiphi isakhamizi sinelungelo lokufaka isinxuso ePhalamende kanye nanoma yikusiphi isigaba noma izinga likahulumeni. Isiphakamiso sesakhamuzi sokushaywa komthetho esisayinwe yizakhamizi ezingamakhulu amahlanu sinokwethulwa ePhalamende.

Inkululeko yolwazi

Noma yisiphi isakhamizi sinelungelo nentuba yokufumana noma yiluphi

ulwazi noma umbhalo osezandleni zikaHulumeni woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne- Afrika noma noma imikhakha esetshenziswa nguhulumeni noma kunoma iyiphi iKhomishani noma imikhakha emele uhulumeni emiswe kulesisakhiwo, uma lowombhalo noma lololwazi lungeyona imfihlo njengoba kunqunywe ngumthetho wokuvikela imibhalo nolwazi lwangasithe, izimfihlo zezohwebo noma ukuphepha kwezwe noma koMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo Ohlelweni lokusebenza kwenkantolo ukubukeza

7. vdsingumo sikahulumeni sokugodla ulwazi, inkantolo 1yobanamand1a

y ,fghmhenya lololwazi olugodliweyo ngÂ§s1the

g :"u;Â«., =

58. Amaqembu oMbusazwe

Izakhamizi zinelungelo lokudala amagembu ombusazwe ayokuhlanganyela kuwowonke amazinga empilo yentando yeningi. - Kakukhomuntu oyophogelelwa ngqo noma ngenye indlela nganoma iyiphi indlela ukujoyina igembu lombusazwe noma oyojeziswa ngokungabi

yilungu legembu lombusazwe. Amagembu ombusazwe ayoqinisa ukuthi kunentando yeningi yangaphakathi ekuhlelweni nasekusebenzeni kwawo.

Izinhlelo zokuxhumana

Noma ngubani uyoba nelungelo lokusungula izinhlelo zokuxhumana, sekuhlangene namaphephandaba, ucingo, iziteshi zomsakazo nezethelevishini. Umthetho uyophatha ilungelo lezakhamizi nawamaqgembu ombusazwe okufinyelela ezinhlelweni zokuxhumana eziphethwe nguhulumeni noma ezimeni lapho kunomkhakha oqonela khona eminye noma ozigodlela wona ilungelo.

IZIBOPHO NEMISEBENZI EYISIBOPHO

60. Ukuxhumana nesakhiwo

Zonke izakhamizi ziyoba nomsebenzi oyisibopho wokuphakamisa lesiSakhiwo nokuphila ngohlelo lokusebenza komthetho. Bonke labo abaphethe noma yiziphi izikhundla ezihlinzekwe kulesiSakhiwo bayokwenza isifungo noma ukugqinisa okunesithunzi sesizotha ukuthi bayosiphakamisa basivikele lesisakhiwo, bahloniphe umthetho nokughuba imisebenzi yabo yomphakathi ngobuqotho nokuzihlonipha.

Iminikelo ezimalini ezisetshenziselwa umphakathi ngezidingo zomphakathi

Zonke izakhamizi zinomsebenzi oyisibopho wokunikela ezidingweni zabobonke abantu nasezimalini ezisetshenziselwa umphakathi ngezilinganiso zalokho abanakho. Uhlelo Iwentela luyolandela imigomo yokukhula kwentela ngokukhula kwalokho umuntu anakho, kepha ngeke

- #Hiddle isimo esinginda intshisekelo ekukhiqizweni komcebo.

e

b. - â\200\234Â®PMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyokhuthaza imisebenzi yozwela yokuzikhethela nezinye izinhlobo zokuzwakalisa ubumbano emphakathini.

Izibopho zezempi

Zonke izakhamizi zinomsebenzi olindeleke kuzo ukuvikela umhlaba woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika kunoma yisiphi isitha esighamuka ngaphandle nakunoma iyiphi

ingozi elengela ukusizakala ngenkululeko, intando yeningi nezimpawu zokwehlukana kuRiphabliki.

63. Isibopho zokusebenza

Zonke izakhamizi ezinamandla okusebenza zinesibopho sokunikela ngomsebenzi wazo namakhono azo ekuthuthukisweni nasekukhulisweni kweRiphabliki.

Imisebenzi eqondene nemindeni
Zonke izakhamizi zinesibopho sokuhlinzeka ukusekelwa kwalabo

abaganene nabo ngokomoya nangemali, ukufundisa izingane zabo nokulekelela abazali babo nxa bedinga ukunakekelwa.

AMANDLA OMPHEME WEZIFUNDA EZIBAMBISENEYO

6S. Amandla oMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu

ne-Afrika uyakubanamadla okusebenzisaimisebenzi namandla agondene nawo ekushayweni komthetho, ukuphatha nasezinkantolo kulezizindaba ezilandelayo:

uhlelo lohlobo Iwemali, izikwenetu zamazwe angaphandle,
ukukhokhelana izimali namanye amazwe nethuba lokuguqulwa
kohlobo Iwezimali zakwamanye amazwe
- imigomo ejwayelekileyo yemithetho eqondisa ukuphathwa
- w5 kwemisebenzi yamabhange, izikwenetu nomshuwalense
- sges-+ :imigomo ejwayelekileyo yemithetho eqondisa ukuphathwa -
â\200\230s &m kokuvikelwa kwendawo yemvelo eqondene nezidingo zezwe
- imigomo ejwayelekileyo yemithetho eqondisa ukuthuthukiswa
komnotho nekhuthaza ukuhwebelana phakathi kwemibuso
imigomo ejwayelekileyo eqondisa ukuphathwa kwempahla
yokusebenza kwezokuxhumana
imithetho yokuhlinzeka ukubonisana nokuqondiswa kwendlela
yenqubo yemigomo yoMbuso nemigomo yesizwe kanye nemigomo
yeminye imibuso maqondana nezokuthutha, amandla, ukuhwebelana
phakathi kwemibuso kanye nokuhwebelana namazwe angaphandle,

ukuthuthukiswa komnotho, ukuvikelwa kwabathengi , ukusebenza kwamabhange nenhlalakahle yomphakathi lapho kugondene khona nezidingo zoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo. IPhalamende linokushaya umthetho ogunyaza uHulumeni ukuba angene ezivumelwaneni nawoHulumeni bemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme ukuze kube nokuqiniseka ngokuqondaniswa komgomo kweminye imikhakha.

- ubuzwe,ukungena ezweni ngokuzokwakha, nokuphuma ezweni ngenhloso yokuyokwakha kwelinye izwe, ukukhonza kulelizwe nakuba umuntu engesona isakhamuzi sakhona kanye nelungelo lokukhosela kobhacileyo

- ubudlelwane namanye amazwe omhlaba

- ukuvikelwa kombuso ezitheni zangaphandle

- ukuhelwa nokuphathwa kohlelo lompheme lobulungiswa ezindabeni eziqondene nelungelo lompheme

- imithetho eqondene nezempi yasolwandle nezindaba eziqondene nolwandle

- imithetho eqondene nezokuthutha ngomoya

- imithetho eqonde namalungelo avikelweyo emibhalo nezimpawu

- izintela zempahla evela ngaphandle, izintela zomkhiqizo ophuma ngaphandle nokuhwebelana namazwe angaphandle

- imithetho eqondene nezisindo nezilinganiso

- Ukusetshenziswa kwendawo umpheme onamandla kuyo wona wodwa

- ezinye izindaba njengoba zigunyazwe ngumthetho wesakhiwo woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika.

b. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyakubanamandla okubiza amabutho oMbuso ukuzovikela indawo, inkululeko nokukhululeka koMpheme Wezifunda

. - s=Ezibambiseneyo-WaseRiphabliki-YaseNingizimu ne-Afrika esitheni

- sigesighamuka ngaphandle. Nxa imibutho yezempi yoMpheme Wezifunda

- wiEzibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika ungena noma umise endaweni yombuso oyilungu lompheme, imibutho yezempi yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika noma imibutho yezempi yeminye imibuso angamalungu ompheme iyocela imvume yalowoMbuso.

Wonke amandla lesisakhiwo esingawabeliyo uMpheme Wezifunda

Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika ayakuba ngawemibuso engamalungu ompheme nabantu baleyomibuso. Nxa

kunesidingo sokuba lesisakhiwo silekelele imibuso enagmalungu ompheme ezkughutshweni kwemisebenzi yayo, uMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyakukwenza lokho ngendlela elondoloza isithunzi sendawo engaphansi kwalowombuso oyilungu lompheme. Kepha uMpheme usizo Iwawo unokulubekela imibandela yokuhambisana nezisekelo neziqondiso ezinokubonelela.

## Amandla oMpheme Okubiza Izintela

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyakuba namandla okubiza izintela ezinokubonelela endaweni yawo ukusekela imisebenzi yawo ngaphansi kwalesisakhiwo. UMpheme uyobonisana nemibuso yezifunda ezingamalungu ekusetshenzisweni kwalamandla.

Ekuhlinzekeni usizo emibusweni engamalungu ompheme, sekuhlangen, kepha kungalushiyi ngaphandle usizo lwezimali olunikezwa ngqo noma ngenye indlela, uMphem Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika uyoqiniseka ngokuthi sonke isamba semali eqoqwe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo endaweni yawo, eqogwe yimibuso engamalungu neqoqwe yimikhakha esebenzela wona, yabiwa ngokulinganayo phakathi kwemibuso engamalungu phezu kwesisekelo somphakathi ngokulandela imibandela yendawo neyenhlalo yomphakathi. Ukufeza lenjongo, izimali ezedluliselwa nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo emibusweni yezifunda ezingamalungu ompheme ziyolungiswa ziphathwe ngendlela yokulinganisa phakathi kwayoyonke imibuso engamalungu isamba sayoyonke imali eqogiweyo noma edluliselweyo. Ukufeza lomphumela, ekubonisaneni nanoma yimuphi umbuso oyilungu lompheme, uMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo unokukubekela imibandela ukudluliselwa kanye nosizo Iwezimali olunikezwa imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme kuye

.- ypmgokuthi imibuso yezifunda ezmgamalungu ompheme z1qoqa imali ethile

Mwem engaphan51 kwazo.

S
IKhomishani Ezuneleyo Yokulmgamsa Iznna11 1yakwemukela ulwa21 oluvela kuHulumeni noluvela embusweni yezifunda ezingamalungu ompheme ngakho konke okudluliselwa ngumpheme emibusweni yezifunda ezingamalunga ompheme, okuhlanganisa usizo lwezimlai nosizo olungelona olwemali, futhi leKhomishani iyobika ngezincomo ePhalamende nakuHulumeni. Imibiko yeKhomishani iyakuhambisana nokwethulwa kwesabelo sezimali ePhalamende. IKhomishani iyakuba

namalungu ayisikhombisa akhonjelwe iminyaka emihlanu ngesinqumo seNdlu Yezigele esithathwe yiningi lezingxenye ezimbili kwezintathu.

ISIMO SEMBUSO YEZIFUNDA EZINGAMALUNGU UMPHEME EZIMPHEMENI WEZIFUNDA EZIBAMBISENEYO

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo waseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika uyalemukela futhi uyalivikela ilungelo lenkululeko yobukhosi besizwe lemibuso yezifunda ezingamalungu ompheme yokuba azimisele izakhiwo zawo ngokwentando yeningi ngaphakathi kwemidiyo emiswe yilesisakhiwo, lokho kweyame ekutheni lezozakhiwo ziqinisiwe ngokuhlolwa kovo lomphakathi. Inokudalwa imibuso emisha yezifunda ezingamalungu empheme ngaphakathi kwendawo yompheme wezifunda ezibambiseneyo waseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika lokho kweyame ekutheni isakhiwo esisha salowombuso owodwa noma ngaphezulu ezodalwa iyavunywa yiningi elipheleleyo nazozonke izakhamizi zaseNingizimu ne-Afrika eziyizakhamizi zombuso owodwa noma ngaphezulu walezozifunda ezithinteka ngqo. Izakhiwo zembuso yezifunda ezamiswa ngaphambi kokwemukelwa kwalesisakhiwo ziyavunywa ngalesisakhiwo.

UMKHANDLU OSHAYUMTHETHO

[Phalamende

[Phalamende limele abantu bompheme wezifunda ezibambiseneyo waseRiphabliki y aseNingizimu ne-Afrika futhi liyokwakhiwa yizindlu ezimbili, uMkhandlu Kazwelonke neNdlu yeZigele. Amalungu azozombili lezizindlu akhethelwa ukuba be sezikhundleni isikhathi seminyaka emihlanu.

. b.Â« . ##Noma yisiphi isakhamuzi esineminyaka engama-21 yobudala noma

-+ -Â« #ngaphezulu sinokukhethelwa eMkhandlwini Kazwelonke, noma yisiphi

isakhamuzi esineminyaka engama-35 yobudala noma ngaphezulu sinokukhethelwa eNdlini yeZigele. Kakukho muntu oyoba yilungu lazozombili lezizindlu ngesikhathi esifanayo, futhi kakukho muntu oyoba nesinye isikhundla somphakathi ngesikhati esifanayo naleso asebenza ngaso kulezizindlu zombili. Umthetho wokhetho unokungquma izimo zokwengeza zokungafaneleki nokuntula izinga elinga neleyo lokukhethelwa kulezizindlu. Amalungu ePhalamende ayodalulwa noma yikuphi ukuqashwa kwawo noma ukusebenza kwawo emsebenzini

yezingcwepheshi ngisho noma ngabe kungokwaluphi uhlobo abakwenza ngesikhathi sokusebenza kwabo eMkhandlwini oshayumthetho. Bayodalula noma yingasiphi isikhathi ithuba lokungqubuzana kwezidingo maqondana nanoma yimiphi imisebenzi yendlu abayilungu layo ukushayisana kwezidingo ngeke kulephuce ilungu lePhalamende ilungu lalo lokuba yilungu.

UMkhandlu Kazwelonke uyakuba namalungu angama-250 okuyilelo nalelo lalamalungu eliyokhethwa eziyingini ezingama-250 oMbuso oyokwehlukaniswa ngazo ngezinjongo zalolukhetho. INdlu yeZigele iyoba namalungu amane alowo nalowombuso wesifunda oyilungu lompheme akhethwe ngokulandela uhlelo Iweziyingi.

Isikhathi sobulungu samalungu ePhalamende siphela ngokungena ekufanelekeni kwalabo ababalandelayo.

Amalungu ePhalamende ayomela izidingo zabantu ngokupheleleyo nangokwehlukana kwazo futhi ngeke athathwe ngokuthi aboshezelwe nanoma yiliphi igunya elithile.

[Phalamende liyohlangana kanye ngonyaka emhlanganweni owodwa ojwayelekileyo kusukela kuSepthemba kuya kuDisemba. Yileyo naleyoNdlu iyobizelwa emhlanganweni nganoma yisiphi isikhathi nguMengameli wayo, noma yibaphi emaPhinini awoMengameli, uMengameli noma yingxenye eyodwa eshumini yamalungu awo. [Phalamende liyohlangana izinsuku ezingamashumi amabili ngemuva kokukhethwa kwamalungu alo futhi liyoghubeka nokuginiseka ngokufaneleka kwamalungu awo ukuba akhethwe.

Yonke imihlangano yanoma iyiphi iNdlu yePhalamende nanoma yiliphi ikomidi lawo iyimihlangano yomphakathi futhi inokusakazwa. Ezimeni - -, ge@ziphuthumayo noma iyiphi iNdlu yePhalamende noma ikoli lalo ˜,&lmlcubamba imihlangano ngasithe. Izizathu eziqinisa imihlangano X5 0 zxyodalulelwa iNkantolo yeSakhiwo njengento eyisifuba yona-ke Â¢ engase inqume ukuba umhlangano ubengumhlangano ovulekile womphakathi.

Amandla ePhalamende

IPhalamende liyosebenzisa amandla oMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo weRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika okushaya umthetho., bemukele izilingano zezimali ezizosetshenziswa, leluse

ukusebenza kukaHulumeni livame ngomthetho zonke izivumelwano zomhlaba zoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo usebenzise namanye amandla owanikezwe yilesoSakhiwo.

Yileyo naleyoNdlu iyozimisela imithetho yayo, yemukele izilinganiso zayo zezimali ezizosetshinziswa, iphathe nezisebenzi zayo. Imithetho nanoma yikuphi ukuchitshelwa kwayo kuyovinywa yiningi elisobala. Imithetho iyokwemukela ihloniphe ighaza leqgembu eliphikisayo ivikele namaqoqo ombusazwe ayidlanzana. Imithetho inokulinganisa kepha kayikwazi ukuvimbela ukuthiywa kwemithetho nokubambezela ukushaywa kwayo lapho lokho kubonakala kwemukeleka.

Yileyo naleyoNdlu iyoqoka uMengameli namaPhini oMengameli amabili ayosebenza isikhathi seminyaka emibili ikhombe namalungu ayo ukuba asebenze emakomidini. Imihlangano ehlanganyelweyo yePhalamende iyokwenganyelwa nguMengameli woMkhandlu kaZwelonke iyophathwa yimithetho yayo. ABengameli bayosebenzisa amandla okuphatha negunya lamaphoyisa ezindlini abazengameleyo. Wonke amagembu ombusazwe ayomelwa emakomidini aleyo naleyoNdlu.

Yileyo naleyoNdlu iyothathwa njengesemhlanganweni ngokufaneleyo nxa kukhona okungenani uhhafu wamalungu ayo. Ngaphandle kokuba kuhlinzekwe ngenye indlela kulesisakhiwo, zonke izingxoxo zanoma iyiphi kulezizindlu zePhalamende kufanele zemukelwe yiningi lamalungu akhona.

[Phalamende liyoshaya umthetho wokufeza lesiSakhiwo nokuhlangabezana nezidingo, okufunwayo kanye nezilokotho zabantu boMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo.

f. UMkhandlu-Jikelele uyokwemukela izilinganiso zezimali ezizosebenza
.. ikanye nezitatimende zezimali zokuphela konyaka eMbusweni
- - . w2weSifundazwe. UMkhandlu-Jikelele unokugunyaza uHulumeni ukuba
- . r#8qhnbeke asebenze isikhathi esingekho ngaphezu kwezinyaka ezintathu ngesilinganiso sezimali sesikhashana kusalindelwe ukwemukelwa isilinganiso sezimali ezizosetshenziswa kawunalo igunya lokungenisa izintela noma izindleko zokwengeza. Noma yimuphi umthetho oqondene nezindleko ezintsha noma ezokwengeza uyokhomba umthombo okuzovela kuwo izimali zokukhokhela lezozindleko.

UMKkhandlu-Jikelele uyobanamandla okwemukela umthetho oshaywe ukuhlangabeza isimo esiphuthumayo ukuze wenze uLusibalukhulu akwazi

ukusebenzisa amandla kanye nokuxolela noma ukuxolelwa kwababoshiweyo emacaleni ohlobo oluthile enziwe ngaphambi kokumiswa komthetho ohlongozwayo.

Yileyo naleyoNdlu ngokulandela imithetho eyibusayo iyobanamandla okwengamela nokwelusa ukuphathwa koMbuso weSifundazwe. Amakomidi aleyo naleNdlu ayobanamandla okulalela ukwethulwa kobufakazi okungase kuphogelelwe ofakazi nokwethulwa kwemibhalo ethile, futhi iyoba namandla okucela noma yimuphi uNgqongqoshe noma yisikhulu somphakathi ukuba sivele, sihlinzeke ulwazi,sighube ukucwaninga sikhiphe nemibiko.

Uhlelo lokusebenza loMkhandlu Oshayumthetho

Amandla okushaya umthetho ayoqhutshwa ngokuhlanganyela yizozombili izindlu zePhalamende. Noma yiliphi ilungu laleyo naleyo kuleziziNdlu ezimbili liyobanamandla okuphakamisa umthetho okufanele ushaywe. UHulumeni uyobanamandla okuphakamisa umthetho okufanele ushaywe - kunoma iyiphi eziNdlini ezimbili. Yileso naleso siphakamiso somthetho okufanele sishaywe siyohambisana nombiko omfishane. Iziphakamiso zomthetho okufanele ushaywe ziyodluliselwa yikomidi lemithetho kwelinye lamakomidi eNdlu nalapho lesosiphakamiso somthetho senziwe khona. Tkomidi liyofunda noma yisiphi isiphakamiso, lisethule isigaba ngesigaba evotini nokuba sivotelwe ngokupheleleyo, ibese lisithumela endlini enamalungu apheleleyo ukuba siyovunywa khona. INdlu enamalungu apheleleyo iyobe isifunda isiphakamiso isethule isigaba ngesigaba ukuba sivotelwe ngokupheleleyo. Isiphakamiso somthetho okufanele ushaywe esemukelwe ngumbhalo ofanayo kuzozombili iziNdlu siyodluliselwa kuMengameli ukuba asisayine nokuba asimemezele njengomthetho.

et

Mngameh â\200\230uyoba namandla okusebenzisa ilungelo lokwengabela

isiphakamiso esipheleleyo noma ngalesosigaba, okuyothi nxa kwenzeka

- +4dokho isiphakamiso somthetho okufanele ushaywe siyobuyiselwa - ePhalamende sihambisana nomyalezo woMengameli. Nxa iPhalamende lisebenzisa ilungelo leningi elipheleleyo lamalungu alo linquma ukusivotela isiphakamiso naphezu kokwengatshelwa nguMengameli, uMengameli uyosisayina asimemezele njengomthetho.

Umthetho uyomenyezelwa zingakedluli izinsuku eziyishumi kusukela ekusayinweni kwawo nguMengameli futhi uyobanamandla okusebenza ezinsukwini eziyishumi kusukela ekumenyezelweni kwawo ngaphandle

kwalapho kukhona isikhathi esifishane esihlinzekwe yiwo umthetho uqobo Iwawo. Yonke imithetho iyokhishwa kuSomqulu kaHulumeni ngosuku lokumenyezelwa kwayo.

Wonke amagembu ombusazwe ayomelwa emakomidini aleyo naleyoNdlu.

Yileyo naleyoNdlu iyoba namandla okwemukela imithetho yokuhlela nokusebenza.

Amathuba nokukhululwa ezibopheni ezithile

Kakukholungu lePhalamende eliyobekwa icala legazi noma lombango ngemibono eliyizwakalisa maqondana nesikhundla salo phakathi noma ngaphandle kwePhalamende. Ngesikhathi sokugunyazwa kwalo kakukholungu lePhalamende elinokuseshwa, ligqunywe esitokisini noma liquliswe icala nganoma yisiphi isenzo sokuphula umthetho ngaphandle kwegunya leNdlu ayilungu layo, noma igunya lekomidi elimiselwe lokho. Lamathuba ngeke asebenze ekuboshweni komuntu ngokwephulwa komthetho nje okungagondene nomsebenzi welungu. Umthetho yiwona oyonquma iholo lamalungu ePhalamende.

ISIGUNGU

72. UMengameli

UMengameli uyokhethwa yiningi lamavoti okuvotwe ngawo okhethweni lweziyingi zawowonke umbuso. UMengameli uyobaneminyaka engamashumi amane noma ngaphezulu futhi uyokhethelwa isikhathi seminyaka emithathu enokuphindwa kanye kuphela. UMengameli akakwazi ukuphatha esinye isikhundla somphakathi noma aghube noma -+, gayiluphi olunye uhlobo lomsebenzi wohwebo noma wobungcwepheshi.
%{5-

. - b, - -Â« Mengameli uyiNhloko yoMbuso, uNdunankulu kaHulumeni woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo, ungumdidiyeli omkhulu wemibutho yezempi futhi umele uMbuso woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo.
UMengameli unokusebenzisa amandla agunyazwe ngawo ngaphansi kwalesisakhiwo ngaphandle kokususela kuHulumeni kulamandla alandelayo kuphela:

- ukwemukela ngokomthetho amanxusa nezithunywa zakwamanye amazwe
ukwemukela nokumemezela imithetho

imiklomelo nezimpawu zokuhlonishwa kwezakhamizi
nokwemibutho yezempi njengoba kuhlinzeka umthetho
ukuhlanganiswa ngokokuqala kwePhalamende ngemuva kokhetho
nalapho kufaneleke khona
ukuhlelwa nokusebenza kwehhovisi loMengameli
ukuzwelwa, ukuvikelwa ecaleni khululwa nokuxolelwa ecaleni nxa
lokho kugunyazwa ngumthetho

- 1izindaba ezabelwe uMengameli yilesisakhiwo.

Zonke izinyathelo zoMengameli kufanele zisekelwe yikusayina
kukaNgqongqoshe onegunya elifaneleyo oyothwala isibopho
ngokuhlanganyela ngezinyathelo zoMengameli.

Nxa uMengamenli engase akhinyabezeke,imisebenzi ayabelwe
yilesisakhiwo iyoghutshwa nguMengameli weNdlu Yezigele kanti
uNgqongqoshe Wezindaba Zasekhaya uyobamba njengoNdunankulu
kaHulumeni. Nxa uMengameli engase akhinyabezeke unomphelo,
uMengameli woMkhandlu Kazwelonke uyobiza ukhetho.

UMengameli angase akhishwe esikhudleni ngaphambi kokuphela
kwesikhathi sakhe ngesinqumo esiyothathwa yiningi elipheleleyo
lePhalamende emhlanganweni ohlanganyelweyo obizwe nguMengameli
woMkhandlu Kazwelonke. UMengameli unokukhishwa esikhundleni
ngezizathu zokukhinyabezeka kwengqondo noma ukuvukelwa kombuso
kuphela. INkantolo yeSakhiwo iyoghuba uphenyo.

UHulumeni

UHulumeni uyoqhuba yonke imisebenzi yokuphatha egunyaziweyo
nayoyonke imisebenzi yobuthunywa egunyazwe ngumthetho.

- bs :.s#Â¥@Halumeni uyokwakhiwa nguMengameli nawoNgqongqoshe.
. .- ##@Ngqongqoshe bayoqokwa noma bakhonjwe nguMengameli. Kuyothi

o+ asÂ¥kangakedluli-izinsuku eziyishumi uHulumeni akhiwe, aqiniswe
ngokuhlanganyela ivoti lokumethemba lazozombili iziNdlu zePhalamende.
Kuyothi noma yingasiphi isikhathi futhi ngemuva kokunikezwa
kwenothisi yezinsuku ezintathu emalungeni ayo, noma iyiphi iNdlu
yePhalamende inokuthatha isinqumo sokungamethembi uHulumeni
ngeningi elijwayelekileyo, okuyothi nxa kwenzeka lokho uHulumeni esule
ibese uMengameli eqoka abuye akhombe uHulumeni omusha. Kuyothi
nganoma yisiphi isikhathi nangemuva kwenothisi yezinsuku eziyishumi
emalungeni ayo, noma iyiphi iNdlu yePhalamende inokuthatha isinqumo

sokungamethembi uMengameli okuyodala ukwesula kwakhe nokumiswa kosuku zingakadluli izinsuku ezingamashumi amane kusukela ekuthathweni kwalesosinqumo sokuba kukhethwe uMengameli omusha. Noma yisiphi isinqumo sokwethemba noma sokungethembi kufanele siphakanyiswe okungenani yizingxenye ezingamashumi amabili ekhulwini zamalungu eNdlu, kufanele sihambisane nombiko futhi siyovotelwa yilowo nalowomuntu ngokukhululeka. Ivoti lendlu eyodwa noma zombili izindlu eliphikisa isinyathelo somthetho noma isiphakamiso esethulwa nguhulumeni ngeke sithathwe njengevoti lokungamethembi uHulumeni.

Amalungu  kaHulumeni anesibopho sokuhlanganyela ngezenzo zikaHulumeni. Yilowo nalowoNgqongqoshe uyoba nesibopho eyedwa ngezenzo zakhe noma zomnyango wakhe.

INdlu yeZigele inokugunyaza, ngeningi elipheleleyo lamalungu ayo, ukuba uMengameli noma uNgqongqoshe bamangalelwe ngamacala abawenze maqondana nokughuba imisebenzi yabo. INdlu yeZigele ngeningi elijwayelekileyo inokugunyaza ukuba kumangalelwe uMengameli noma uNgqongqoshe bamangalelwe ngamacala angahlangene nokughutshwa kwemisebenzi yabo. Leligunya lesibili ngeke kudingeke ukuba lighubeke nalawomacala ababekwa wona ngemuva kokuba uMengameli noma uNgqongqoshe sebezishiye phansi izikhundla zabo. INkantolo yeSakhiwo iyonquma ngamacala abekwa uMengameliulu noma uNgqongqoshe ngokugunyazwa yiNdlu yeZigele futhi iyonquma izijeziso njengokubona kwayo kufanelekile.

Isikhundla soMengameli noma uNgqongqoshe ngeke sihambisane nokuqhutshwa kwanoma yisiphi isikhundla somphakathi noma esobungcwepheshi noma esokuqashwa.

UHulumeni uyohlelwa ngumthetho ngokulandela lesisakhiwo. Izikhulu a&laHulumem ziyolindeleka ukuba ziphendule ngezenzo zamaHhovisi m&ndlswa yizo. Yilowo nalowomnyango noma umkhakha omele
- #aHulumeni uyoba nesibopho sokukhokha izindleko ezidalwe yizinga

eliphezulu lokunganakekeli noma yizenzo zenzondo zezikhulu

zikaHulumeni

Umthetho ungase umise imikhakha ezimeleyo yokuhlela imisebenzi. Abantu abaphethe leyomikhakha eyenza imisebenzi egameni likaHulumeni bayobanobudlelwane bokusebenzelana nelungu elilodwa noma angaphezulu kwelilodwa kaHulumeni labobantu abangasuswa ezikhundleni zabo ngentando yalelolungu noma lawomalungu kepha

abangadingi ukwesula nxa uHulumeni esula noma kuphela isikhathi sakhe. UHulumeni nalabo oNgqongqoshe abagondene naleyominyango yibo okuyodingeka ukuba baphendule ePhalamende ngezenzo nokusebenza kwemikhakha ezimeleyo ehlela imisebenzi kaHulumeni. Umthetho ungase wedlulisele kubantu abaphethe leyomikhakha eyenza imisebenzi egameni likaHulumeni inkululeko efanayo ezibopheni njengaleyo emiswe kulesisakhiwo yaqondaniswa namalungu kaHulumeni.

Zonke izenzo zikaHulumeni nohlelo lokuphatha zinesibopho sokubukezwa yizinkantolo magondana nokwephulwa komthetho nokungasetshenziswa

ngokuyikho kwamandla ashiyelwa ekuboneni kwabo. Lokhu ngeke kusebenze ezenzweni zezinga eliphezulu likahulumeni

IZINKANTOLO

74. Ukuzimela kweziNkantolo

Izinkantolo ziyakubanamandla emacaleni noma emibangweni okuyothi nxa kufakwa kusekeleke ekusebenzeni komthetho wompheme wezifunda ezibambiseneyo. Ubulungiswa buyophathwa egameni labantu boMpheme Wezifunda Ezivambiseneyo WaseNingizimu ne-Afrika. Amajaji ayobangaphansi komthetho kuphela. Amajaji ngeke akhishwe

ezikhundleni ngaphandle kokugunyaza kweKhomishani yokuSebenza kweziNkantolo.

Ikhomishani yokuSebenza kweziNkantolo

IKhomishani yokuSebenza kweziNkantolo iyisandla sokuzibusa kwezinkantolo. UMengameli uyobanguMengameli weKhomishani. IKhomishani iyokwakhiwa ngamalungu angamashumi amabili okwengeza ayoqokwa phakathi kwamajaji, abammeli nabammeli basemajajini

| .- %abanolwazi okungenani lweminyaka eyishumi emsebenzini wezinkantolo

- ,=snawoprofesa bezomthetho basenyuvesi: Abayisikhombisa kuyoba

- . 4 gamajaji nabashushisi abakhethiweyo, abayisithupha bayokhonjwa yiPhalamende, abathathu bayokhonjwa yiNhlangano yabaMmeli basemajajini ababili bayokhonjwa nguMshushisi oMkhulu kuthi ababili bakhonjwe yiKhomishani yezisebenzi zikaHulumeni, bayosebenza isikhathi esisodwa seminyaka emihlanu esingenakuvuselelwa okuyothi ngalesosikhathi bangawenzi omunye umsebenzi wobungcwepheshi noma baphathe esinye isikhundla somphakathi.

IKhomishani iyofeza iphathe imigomo eyisisekelo ekuhlelweni kwemisebenzi yezinkantolo emiswe emthethweni jikelele oyoshaywa yiPhalamende. IKhomishani iyohlela iphathe imithetho yokukhethwa ngokuncintisana komphakathi nangokufaneleka kwamaJaji ngemfundo yawo, imithetho ngokushitshwa, ukukhushulwa nokuthunywa kwamalJaji, imidiyo yeminyaka yobudala nenhlanganisela yemithetho ephethe ukusiphatha kwamalaji nokulindeleke kuwo okuyophogelelwa yiKhomishani. [Khomishani inokwemukela icubungule izikhalo nezicelo zokuthathela amajaji nabashushisi izinyathelo zokubajezisa eziyobe zighamuka kuHulumeni nasemphakathini nje jikelele.

IKhomishani yokuSebenza kwamalJaji iyovuma konke ukukhonjwa kwawoprofesa bomthetho basenyuvesi abanemfundo ephakemeyo ngokujwayelekile, abammeli nabammeli basemaJajini bekhonjelwa kunoma yiliphi izinga lobujaji ngokukhonjwa nguMengameli. IKhomishani iyobuye inqume amazinga okufaneleka, imithetho nenqubo yokukhethwa kwamajaji okuthula amajaji akhethwe ngokuhlonishwa.

IKhomishani yokuSebenza kwamalJaji iyokwemukela imithetho eshaywe yinoma iyiphi inkantolo yokuhlela amacala aphambi kwayo neminye imisebenzi yokuphatha ehambisana nawo.

IKhomishani yokuSebenza kwamaJaji iyokwethula eMkhandlwini-Jikelele isilinganiso sezimali ezizosebenza ngonyaka, sekuhlangene namazinga aphakanyisway amaholo abobonke abantu abasebenza imisebenzi ephathelene namajaji. Njengengxenye yalesisilinganiso sezimali iKhomishani iyoqoqga iphethe zonke izintela zokutheliswa kwemisebenzi okugondene nokuphathwa kobulungiswa njengoba begunyazwe ngumthetho, lokho bekwenzela ukuba kusizakale imisebenzi yamajaji. Noma yiziphi izimali ezingasetshenziswanga ekupheleni konyaka wezimali ziyodluliselwa enyakeni olandelayo. IKhomishani inokusungula -Â« sdmithetho ezindabeni eziqgondene namajaji kanye nemisebenzi yamajaji.

76. i

ntolo yamayjaji

a o

INkantolo yamaJaji yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrikatali iyoqinisa ukuhunyushwa ngendlela efanayo komthetho futhi iyoba yinkantolo yokugcina yokudlulisela amacala

IziNkantolo eziqgondene nezindaba eziphuthumayo

Ngesikhathi sokuthula iziNkantolo zezimpi ziyobanamandla kuphela phezu kwezisebenzi zombutho wezempi ezisemsebenzini ngokugcweleyo.

IziNkantolo zezizwe, ezamasiko nezenkolo ziyoba namandla ahambisanayo phezu kwamacala nezimpikiswano ezisekeleke ekusetshenzisweni kwemithetho yendabuko neyamasiko nemithetho yenkolo ngokulandelana. Umthetho uyokhomba wemukele izinkantolo zalolohlobo unqume nezinga ezinokufinyelela kulo ekunqumeni ngezindaba eziqondene nazo nalezo ezingasekelekile emthethweni wendabuko nowamasiko noma emithethweni yenkolo.

Ngeke zibekhona izinkantolo eziphuthumayo noma izinkundla zamabandla okuqula amacala angajwayelekile. Ngaphakathi kohlelo Iwezinkantolo olwejwayelekileyo iKhomishani yokuSebenza kweziNkantolo zamalJaji ingase idale izingaba eziphuthumayo eziyoqondana nezindaba ezithile, futhi ingase idinge ukuba kuhlangayele izingcwepheshi eziwufundeleyo umsebenzi ekughutshweni kobulungiswa ngezimo nangezindlela ezinqunywe ngumthetho.

Abas_hushisi

Isikhundla soMqondisi weHhovisi labaShushisi siyoba yingxenye eyehlukileyo neyehlukeneyo nomsebenzi wamalJaji kepha siyobuswa ngokulinganayo yiKhomishani yokuSebenza kweNkantolo zamalJaji. Ukuphathwa nokubanjwa kwamaqghaza obujaji nawokushushisa kuyizinto ezehlukeneyo kanti kuyoba sezimeni ezehlukileyo lapho iKhomishani yokuSebenza kweziNkantolo zamaJaji iyogunyaza khona umshushisi ukuba athathe isikhundla sejaji noma ijaji lithathe isikhundla somshushisi. Abashushisi banelungelo elifanayo nelamajaji maqondana neziqiniseko, ukukhululwa ezibopheni nasezindabeni ezithinta izimali. Ukushushiswa

- ..=kwamacala egazi kuyophogelela: Umqondisi wehhovisi labashushisi

- y sgyokwethula umbiko wonyaka kuKhomishani-Yokusebenza kwamajaji

- Â«˜gmmaqondana namacala ihhovisi lakhe elingawashushisanga ngenxa

yezivumelwano eziphuthumayo nalabo abasolekayo noma ngezinye izizathu zezidingo zomphakathi. Umbiko unokuwashiya ngaphandle amagama alabo abathintekayo.

IMIBANDELA YEZOMNOTHO

79. Isabelo sezimali_esilinganisiweyo

Ekuqaleni konyaka wezimali uHulumeni uyokwethula eMkhandlini-jikelele isabelo sezimali esilinganisiweyo ukuze semukelwe. [Phalamende liyochibela lilungise noma vyisiphi isigaba noma ingxenye yohlaka lwesabelo sezimali. Isabelo sezimali esivunyiweyo siyokhomba imithombo yezimali eyokhokha yonke imali ezosetshenziswa nguMbuso.

[Phalamende linokugunyaza uHulumeni ngevoti lezingxenye ezimbili kwezintathu zamalungu awo ukuba ahlinzeke imali yesabelo sezimali ngokuhlela ukuba leyomali ibe yisikwenetu esiyokhokhwa ngumphakathi. Nxa uHulumeni efuna lolohlobo lwegunya uyohlinzeka umbiko okhomba imithombo okulandeleke ukuba lesosikwenetu somphakathi sikhokhwe ngayo kanye nezinye izilinganiso zomnotho ezisekela lokho. Noma yikuphi ukukhula kwesikwenetu somphakathi kuyogunyazwa ngendlela efanayo.

Isabelo sezimali siyokwehlukaniswa ngezihloko, izigaba nezahluko. Noma yiziphi izimali ezabiweyo okuyothi ngokuphela konyaka wezimali zibe zingakasetshenziswa ziyokwedluliselwa enyakeni olandelayo ngaphansi kwesihloko esifanayo sesabelo sezimali nxa lesosihloko sikhona, noma ziyokwedluliselwa esahlukweni sesabelo sezimali esisondelene kakhulu naso nxa lesosahluko singekho esabelweni sezimali salowonyaka wezimali.

Ezamabhange

UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyohlela ukusebenza kwamabhange ngokuhambisana nemigomo yezimali emiswe yimibuso yezifunda ezingamalungu ompheme nangenhloso yokuqinisa amandla nenqubekelaphambili yohlelo Iwezimali nemisebenzi yamabhange yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu - gnesAfrika. Kuyosungulwa iBhange - Elikhulu loMpheme Wezifunda M&hbmblseneyo WaseRiphabliki â\200\230YaseNingizimu ne-Afrika’ elizimeleyo. . wigMengameli weBhange Elikhulu uyokhonjwa nguMengameli ngezeluleko nangemvume yePhalamende futhi uyosebenza ngokubona koMengameli. UMengameli weBhange Elikhulu uyokwethula umbiko wonyaka ePhalamende ngesimo sezimali zoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo nangesimo sohlelo lokusebenza kwamabhange. IBhange Elikhulu liyakuba namandla okuhlela ukusebenza kwamabhange nezikwenetu futhi liyosebenza ngokuzimela ngaphakathi ˜ kwemidiyo yomthetho ekusebenziseni izindlela zokuvikela izidingo zomphakathi

ekusetshenzisweni kwezimali. Ibhange elikhulu liyokuba namandla okulawula ukuhlelwa nokusebenza kwalo.

## Ikhomishani yokubuyisela imisebenzi emikhakheni ezimeleyo

Kuyosungulwa iKhomishani yokubuiyisela imisebenzi emikhakheni ezimeleyo eyodlulisela emikhakheni ezimeleyo imisebenzi ephethwe yinoma yimuphi uHulumeni ephambanayo nemibandela ehlinzekwe kulesisakhiwo. IKhomishani iyobanamalungu ayi-9 azimeleyo ayizingcwepheshi kwezomnotho, izimali nokuphathwa kwamabhizinisi, amalungu amathathu kuwo ayokhonjwa nguMengameli, amane

akhonjwe yiPhalamende ibese kuthi amabili akhonjwe yiNhlangano Yezohwebo.

IKhomishani Yemisebenzi ezimeleyo iyokwakha uhlelo lokumiswa kwemisebenzi ezimeleyo oluyokwethulwa ePhalamende ukuze Iwemukelwe. IKhomishani iyohlela ukufezwa kohlelo lwemisebenzi ezimeleyo ukuze luhambisane nezimo zomnotho eziguqukayo, ithungathe imvume yePhalamende nxa kudingeka. Umzamo wokumiswa kwemisebenzi ezimeleyo iyolinganiswa, usebenzise wonke amakhono akhona kwezomnotho futhi usekele ukukhula kwezomnotho. Izigaba nohlelo lwesikhathi okuyothathwa yilomzamo kuyoba yingxenye yohlelo lokumiswa kwemisebenzi ezimeleyo. UHulumeni nguye oyofeza uhlelo lwemisebenzi ezimeleyo.

IKhomishani Yemisebenzi ezimeleyo iyoqaphela ukufezwa kohlelo lwemisebenzi ezimeleyo ukuze kube nesiginiseko sokuthi umzamo wokumiswa kwemisebenzi ezimeleyo kuphothulwa ngaphandle kokukhohlakala, ukuntuleka kwekhono, ukuhluma kwabathile nencithakalo edalwa nguHulumeni. IKhomishani iyokwethula umbiko
– ...Â« =ePhalamende njalo ngemuva kwezinyanga eziyisithupha.
st –

d.. < ygdiKhomishani* Yemisebenzi ezimeleyo iyosebenza iminyaka eyisikhombisa ngaphandle kwalapho inquma khona ukuba izihlakaze yona ngaphambi kwalolosuku noma isikhathi sayo sokusebenza selulwe ngesinqumo sePhalamende.

## AMANYE AMANDLA OMPHEME WEZIFUNDA EZIBAMBISENEYO WERIPHABLIKI

## AMANYE AMANDLA OMBUSO WESIFUNDAZWE

## Umcwaningi-jikelele wezimali ozimeleyo

Kuyakubakhona umcwaningi-jikelele wezimali ozimeleyo. Umcwaningi-jikelele wezimali  uyocwaninga imisebenzi yezimali yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo, amaKhomishani, imikhakha ezimeleyo yokwelusa isimo, nanoma yimiphi imisebenzi, umkhakha noma uhlelo lokusebenza noma lokwelusa umsebenzi loMpheme Wezifundazwe Ezibambiseneyo. Yonke imisebenzi yokuphatha ehlanganisa ukusebenza kwezimali iyoba ngaphansi kwesandla sokugwema izinkinga somcwaningi-jikelele noma labo abakhonjwe nguye. Umthetho uyoqiniseka ngokuzimela komcwaningi-jikelele wezimali.

## Ikhomishani yezisebenzi zikaHulumeni

IKhomishani Yezisebenzi zikaHulumeni iyakuba namalungu ayi-13, amabili kuwo akhonjwe nguMengameli, amathathu kuwo akhonjwe yiPhalamende, amabili akhonjwe yikhomishani yamajaji, amabili akhonjwe yiNhlangano Yezohwebo ibese kuthi amane akhonjwe yilabo abamele  izinhlangano  zabathengi  ezibhaliswe  ePhalamende nezihlanganiselwe lenjongo yikomidi lePhalamende. Amalungu ekhomishani ayakuba yizingcwepheshi eziwuphuseleyo umsebenzi wokuphatha izindaba zomphakathi, ukuphathwa kwamabhizinisi nezinye izinhlelo zokwelusa imisebenzi futhi kube ngabantu abazimeleyo. Amalungu akakwazi ukuba aphathe esinye isikhundla somphakathi kanti ngaphambi kokukhonjwa kwawo ayodalula noma yiliphi ithuba lokungqubuzana kwezidingo phakathi kwemisebenzi ayenzayo nokusebenzela ikhomishani. Ngemuva kokukhonjwa kwawo akakwazi ukuba asebenze imisebenzi engase idale okunye ukungqubuzana. Amalungu ekhomishani ayokuba kulesisikhundla iminyaka emithathu futhi anethuba lokuba abuye aphinde akhonjwe. Amaholo awo amiswe . Â«agfigumthetho ’ futhi ngeke abe . ngaphansi -kweholo loMqondisi-Jikelele -+ <+ v 45wohlelo ’ lokuphatha: loMbuso. - Ikhomishani â\200\234yenza .iziphakamiso zayo - . -#*Â¢Phatamendengesilinganiso sezimali ezozisebenzisa.

Ikhomishani yezisebenzi zikaHulumeni iyokwenza isiphakamiso ePhalamende somthetho wokuhlela nokunakekela zonke izikhundla zomsebenzi womphakathi eMphemeni Wezifundazwe Ezibambiseneyo, sekuhlangene nemikhakha ezimeleyo yokwelusa isimo, ukunquma imisebenzi ethunywa imikhakha ethile, ikhono, amandla nezibopho zaleso nalesosikhundla. UMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo unokwethula

umthetho owuhlongozayo kuKhomishani. Imikhakha ethintekayo kuleyomithetho nayo inokwethula ezayo iziphakamiso kuKhomishani.

Ikhomishani iyokwengamela ukusebenza kohlelo lokuphatha loMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo ukuqiniseka ngokungachemi nekhono, ukugwema incithakalo edalwa nguHulumeni, ukukhohlakala, ukuvuna izihlobo nabangani, ukuntuleka kwekhono nokungasebenzi kwezinhlelo ezithile, nokuqginiseka ngamathuba alinganayo azozonke izakhamizi okufinyelela osizweni nasemathubeni emisebenzi ahlinzekwa ngamaHhovisi omphakathi. Ikhomishani iyophenya ibike ngezikhalo ezigondene nokusebenza kwanoma yiliphi ihhovisi lokuphatha eMphemeni Wezifunda Ezibambiseneyo sekuhlangene noMbutho wamaPhoyisa, owezokuvikela kanye nohlelo lwamajele.

IKhomishani Yezisebenzi zikaHulumeni iyolawula izidingo nemfundo edingekayo kunoma yisiphi isikhundla somphakathi yengamele futhi nokuncintisana okuvulekileyo ekugcwalisweni kwezikhala zomsebenzi. Ikhomishani iyodala futhi yethule ephemeni Wezifunda Ezibambiseneyo ukuze kwemukelwe noma yiluphi uhlelo oluyosetshenziswa ezakhiweni zikaHulumeni lokulinganisa amathuba azozonke izakhamizi okufinyelela kuyoyonke imikhakha yemisebenzi.

IKhomishani Yezisebenzi zikaHulumeni iyobuye idale, yeluse ibuye ilekelele ekwemukelweni ngamahhovisi ompheme wezifunda ezibambisenyo kanye nezinhlelo ezimele lemikhakha kwezindlela zenqubo ezihambisana nemisebenzi emikhulu yokuphatha kanye nazozonke izinhlelo zokwakha imithetho yokunxusa nokugqiniseka ngokuhlanganyela nomnikelo wemikhakha ethintekayo kanye neyomphakathi.

IKhomishani Yezisebenzi zikaHulumeni iyolungisa umbiko wonyaka

ngesimo sohlelo lokuphathwa kwezindaba zomphakathi ozwakalisa noma

- syiziphi izincomo ezidingekayo, futhi - inokuhlinzeka ubufakazi

-+ i4gePhalamendee - - nasezinkundleni = zokulalela -ubufakazi eziyohlelwa waguHulumeni. -

84. Ikhomishani Yokhetho

IKhomishani Yokhetho iyakuba namalungu ayi-9 amathathu kuwo akhonjwe nguMengameli, amathathu akhonjwe yiPhalamende kuthi amanye amathathu akhonjwe yiKhomishani yamajaji. Amalungu ekhomishani kuyakuba ngabantu abayizingcwepheshi nabazimeleyo. Amalungu akakwazi ukuba aphathe esinye isikhundla somphakathi kanti

ngaphambi kokukhonjwa kwawo ayodalula noma yiliphi ithuba lokungqubuzana phakathi kwemisebenzi ayenzayo noweKhomishani. Ngemuva kokukhonjwa kwawo akakwazi ukwenza eminye imisebenzi engase idale okunye ukungqubuzana kwezidingo. Amalungu eKhomishani ayoba sezikhundleni iminyaka emithathu futhi anokuba abuye akhonjelwe kulezozikhundla. Amaholo awo ayonqunywa ngumthetho futhi angeke abe ngaphansi kweholo loMqondisi-Jikelele ˜wokuphatha woMbuso. Ikhomishani iyophakamisa ePhalamende olwayo uhlelo lwesilinganiso sezimali ezozisebenzisa.

IKhomishani Yokhetho iyohlela yeluse izinketho njengoba zihlinzekwe kulesiSakhiwo. IKhomishani Yokhetho iyoqiniseka ngokungenzeleli empikiswaneni yombusazwe kanye namathuba okuba zonke izakhamizi zikwazi ukuhlanganyela ohlelweni lwentando yeningi. IKhomishani iyonquma imithetho yokugqiniseka ngokukhankasa ngendlela engenzeleliyo neyokugwema indluzula nokwesabisana. Futhi inokuthuma iqondise amaphoyisa namabutho omphakathi ukugqiniseka ngokuthula nomthetho ngesikhathi semikhankaso yombusazwe, nangenkathi kanye nasesikhathini esilandela ukhetho.

IKhomishani iyokhipha imithetho ethuma ukuba wonke amagembu ombusazwe nalaba abamele ukhetho badalule imithombo yezimali zokukhokhela imikhankaso yabo, imithetho emisa imidiyo yezimali ezinokutholakala kunoma yimuphi umthombo, nemithetho ebusa ukuziphatha kwamaqembu nabamele ukhetho ngesikhathi somkhankaso. Zonke izakhiwo zamagembu ombusazwe ziyokwethulwa kuKhomishani.

[Khomishani inokusungula umthetho oqondene nezindaba zokhetho futhi iphathe ibuye yabe noma yiziphi izimali zomphakathi ezihlinzekwa amagembu ombusazwe nabamele ukhetho njengoba kuhlinzekwe emithethweni.
. - +Â«gÂ¥Kbomishani* Yokhetho ’ inokuhlela : izimpikiswane zombusazwe ibuye
. <iinqume - nangokwabiwa kwesikhathi - ezinhlelweni zokuxhumana eziphethwe nguhulumeni. Lapho kudingeka khona ukuqiniseka ngokungenzeleli, ukungachemi nokulingana ohlelweni lokhetho, ikhomishani inokunquma ukuba izinhlelo ezizimeleyo zokusakaza izindaba zikhiphe izitatimende noma zikhiphe imibiko ngezaziso ezithile.

IKhomishani Yokhetho iyonquma ilungise imingcele yeziyingi zokhetho zeNdlu yeZithunywa neziNgqungquthela zeZifunda. Ekwenzeni lokho inhloso yeKhomishani kuyakuba yikuqiniseka ngokulingana

kwangaphakathi kuleso nalesosiyingi nokumelwa ngokuyikho kwezinhlobo ezehlukeneyo zezidingo zenhlalo yomphakathi eMphemeni Wezifunda Ezibambiseneyo. Yileso nalesosiyingi siyoba nenhloso yokuba nesibalo esifanayo sabavoti.

Ikhomishani Yokhetho iyophatha izinketho imemezele nemiphumela.

Imithetho yeKhomishani Yokhetho nezenzo zayo kunokuphoselwa inselelo phambi kweNkantolo Yesakhiwo ngokulandela uhlelo oluphuthumayo lapho iKhomishani yephula khona imigomo yalesiSakhiwo, noma ngenxa yokuzithathela izinqumo eziphogayo noma eziguquguqukayo noma ezingafanelekile.

Ikhomishani Yohlelo Lokulungisa

Ikhomishani Yohlelo Lokulungisa iyakuba namalungu ayi-13, amabili kuwo ayokhonjwa nguMengameli, amathathu akhonjwe yiPhalamende, amabili yiKhomishani Yamajaji, amabili yiNnhlangano Yezohwebo ibese kuthi amabili akhonjwe ngabamele amaqoqo abathengi amabili akhonjwe ngabamele izimboni ezibhaliswe ePhalemende nabahlanganiselwe lenhloso yikomidi lePhalamende.. Amalungu ekhomishani kuyakuba yizingcwepheshi eziwufundeleyo umsebenzi wokuphatha izindaba

zomphakathi, ukuphathwa kwamabhizinisi noma imisebenzi yezinhlelo zokulungisa.

Ikhomishani Yohlelo Lokulungisa iyakuba namandla okucela ukuba kwesulwe noma kuchitshelwe imithetho engumthwalo, engadingekiyo noma engafinyeleliyo ezidingweni nezindingo zezimvume ezemukelwe yiPhalamende, uHulumeni nanoma yimiphi imikhakha ezimeleyo esebenza imisebenzi yezinhlelo zokulungisa. Noma yimuphi umkhakha owemukela lesosicelo seKhomishani uyakuphendula zingakadluli isinsuku

... sezingama-20. â\200\230Nxa iKhomishani ibona ukuthi impendulo kayenelisi,

- - o 4%imokungenisa umthetho emkhandlwinirofanelekileyo wokushaya umthetho.
#HT :

& IKhomishani Yohlelo Lokulungisa inokulungisa imibiko yezindaba zokuhlela nokulungisa ezwakalisa noma yiziphi izincomo eziqondanayo, futhi inokuhlinzeka ubufakazi ePhalamende nasezinkundleni zokulalela ubufakazi ezihlelwe nguHulumeni njengoba kudingeka.

IKhomishani Yokuthuthukisa Ezomnotho

IKhomishani Yokuthuthukisa Ezomnotho iyakuba namalungu ayi-13, elilodwa kuwo elikhonjwe nguMengameli, amane akhonjwe yiNdlu Yezigele, amabili akhonjwe yiKhomishani Yezisebenzi zikaHulumeni, amabili akhonjwe yiNhlangano Yezohwebo, amabili akhonjwe ngabamele amaqoqo abathengi kuthi amabili akhonjwe ngabamele iziNyonyana zezisebenzi ezibhaliswe ePhalamende nezihlanganiselwe lenjongo yikomidi lePhalamende. = Amalungu alekhomishani kuyakuba yizingcwepheshi ezizifundeleyo ezomnotho, izimali, ukuphathwa kwamabhizinisi nemisebenzi yobungcwepheshi kwezemishini.

Ikhomishani Yokuthuthukiswa kwezomnotho iyolungisa uhlelo lukazwelonke lokuthuthukiswa kwezomnotho kuwowonke uMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo nokulekelela amabhizinisi ayoghutshwa ngomthetho kanye nemisebenzi yokuphatha yoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo. [Khomishani inokuncoma izinyathelo ezinokuthathwa nosizo olungahlinzeka imibuso yezifunda ezingamalungu ompheme. IKhomishani iyoqaphela uhlelo njengoba luvunywe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo income nezinguquko nokulungisa njengoba kudingeka.

IKhomishani Yokuthuthukiswa kwezomnotho iyolungisa yethule ePhalamende umbiko wonyaka ngesimo somnotho, nangendlela

ezomnotho nemisebenzi yezemishini elindeleke ukuyilandela esikhathini esiseduze esizayo ezingeni loMbuso weSifundazwe, elikazwelonke kanye nelomhlaba.

IKhomishani Yokuthuthukiswa kwezomnotho inokulungisa noma ithume ukuba kulungiswe eminye imibiko yokwengeza eqondene nezindaba zomnotho nezezimali futhi inokuhlinzeka ubufakazi ePhalamende nasezinkundleni zokulalela ubufakazi ezihlelwe nguHulumeni njengoba kudingeka.

-87. . ˜#ikhomishani Yendawo

a. IKhomishani Yendawo iyakuba namalungu ayi-13, amabili kuwo akhethwe nguMengameli, amathathu akhonjwe yiPhalamende, amabili akhonjwe yiKhomishani yamaJaji, amabili akhonjwe yiNhlangano Yezohwebo ibese kuthi amane akhonjwe ngabamele amaqoqo aqondene nezindaba zendawo abhaliswe ePhalamende nahlanganiselwe lenjongo yikomidi lePhalamende. = Amalungu = eKhomishani kuyakuba yizingcwepheshi ezinolwazi ngezindaba zendawo noma zenhlalo yomphakathi.

IKhomishani iyophenya izindaba eziqondene nokuvikelwa kwendawo yemvelo neyesidalwa esingumuntu, inokungenisa umthetho ezingeni lombuso weSifundazwe nasezingeni lezifunda ukuvikela nokuthuthukisa izinga lendawo yemvelo neyesidalwa esingumuntu, futhi inokwenza izincomo eminyangweni yezindaba zendawo eMbusweni weSifundazwe naseZifundeni.

IKhomishani iyophenya ibike ngezikhalo eziqondene nokungasetshenziswa ngokuyikho kwengcebo yemvelo engenakuvuselelwa, ukwehliswa kwezinga nokucekelwa phansi kwezinhlelo zempilo yemvelo nokwehluleka ukuvikela ubuhle nesimo

soMbuso.

IKhomishani Yendawo iyolungisa umbiko wonyaka nesimo sendawo eMphemeni Wezifunda Ezibambiseneyo lapho izwakalisa khona noma yiziphi izincomo eziqondeneyo, futhi inokuhlinzeka ubufakazi ePhalamende nasezinkundleni zokulalela ubufakazi njengoba kudingeka.

Ikhomishani Yezindaba Zabathengi

Ikhomishani Yezindaba Zabathengi iyakuba namalungu ayi-13, amabili kuwo akhonjwe nguMengameli, amathathu akhonjwe yiPhalamende, amabili akhonjwe yiKhomishani yamaJaji, amabili akhonjwe yiNhlangano yezoHwebo ibese kuthi amane akhonjwe ngabamele amaqoqo abathengi abhaliswe ePhalamende nahlanganiselwe lenjongo yikomidi lePhalamende. Amalungu ekhomishani kuyakuba yizingcwepheshi ezikufaneleyo ukuvikela abathengi, ezaziyo ngezinkinga zendawo yemvelo nolwazi olujulileyo ngenhlalo yomphakathi..

b. [Khomishani Yezindaba Zabathengi iyophenya izindaba eziqondene ..., .Efokuvikelwa kwabathengi, futhi inokungenisa imithetho ezingeni lombuso - . = vÂ¥weSifundazwe neleZifunda ukuvikela abathengi. Ngokwamandla ayo, .- Â«Â«Â§Khomishani ’ inokucela ukuba ’kuboniswane futhi -ivame imibandela-jikelele yokuhlanganiswa kwezivumelwano njengombandela wamandla

azo nethuba lazo lokuphogelelwa.

IKhomishani iyakuba namandla okunquma izidingo zokufakwa kwezimpawu empahleni sekuhlangene nolwazi nezixwayiso ngaleyompahla.

89.

Ikhomishani inokuthunywa ngumkhandlu oshayumthetho woMbuso weSifundazwe noma weSifunda ukuba inqume intengo nezilinganiso zemisebenzi nempahla ezimeni lapho kunomuntu oyedwa onegunya lokwenza leyomisebenzi noma ukuthengisa leyompahla.

Noma yimuphi umkhakha olinyazwa yinoma yiziphi izinqumo zeKhomishani unokucela ukuba lezozinqumo zibukezwe yizinkantolo zamajaji.

IKhomishani yezindaba zabathengi iyolungisa umbiko wonyaka ngesimo sokuvikelwa kwabathengi lapho izwakalisa khona noma yiziphi izincomo eziqondeneyo futhi inokuhlinzeka ubufakazi ePhalamende nasezinkundleni zokulalela ubufakazi ezihlelwe nguHulumeni, njengoba kudingeka.

Amanve Amandla

Abantu ngamunye kanye nezinhlelo zomphakathi, zamasiko, ezenkolo nezombusazwe lapho zisebenzisa khona amandla azo noma ukuzimela kwazo ngaphansi kwenkululeko eyemukelwe neqiniswe yilesiSakhiwo, bayakuba namandla alinganayo = nawoMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo.

UMKHANKASO WOKUHLOLA UVO LOMPHAKATHI

90.

Umkhankaso wokuhlola uvo lomphakathi

Izakhamizi ezingamakhulu amathathu nanhlanu ezinkulungwane ezinamalungelo okuvota, ziyakuba namandla okunquma ukuba kubenomkhankaso wokuhlola uvo lomphakathi ngenhloso yokusula umthetho noma ingxenye yawo. Umkhankaso wokuhlola uvo lomphakathi

v?m}fï¬\201qhutshwa -ngokusemthethweni ˜ nxa - kuhlanganyela - okungenani

enye ezingama-50 ekhulwini -zalabo â\200\234abanegunya lokuvota.

Makalmso " siyovunywa Â° yiningi - lamavoti .okuvotwe ngawo

ngokusemthethweni.

UMBUTHO WEZEMPI

91, Umbutho Wezempi

a. Umbutho wezempi uyohlelwa ngokulandela umthetho oshaywe

ngezingxenye ezintathu ekhulwini zePhalamende. UMthetho ungase

udinge ukuhlanganyela ngempoqo embuthweni wezempi nxa lokho kunesidingo ngenxa yezimo eziphuthumayo nezingajwayelekile. Umthetho uyoqiniseka ngokusebenza kwentando yeningi ngaphakathi embuthweni wezempi ngendlela eyokhomba ukuthi ukusetshenziswa kwamalungelo esakhawo kungalinganiswa kanjani ukuze kuhambisane nemisebenzi yezempi.

Amandla okukhuza uMbutho wezempi ayakuba sezandleni zekomidi elikhulu lezempi. Ikomidi elikhulu liyokwenganyelwa nguMengameli njengoSihlalo futhi libe namalungu amathathu omphakathi namalungu amathathu amabutho akhonjwe yiPhalamende ngokulandela umthetho.

UMbutho Wezempi unokwehlukaniswa ngezigaba ngaphansi kwezinhlelo zemisebenzi yawo eyehlukeneyo.

Izakhamizi zoMbuso zinokuhlanganyela emibuthweni yezempi yompheme weRiphabhuliki yaseNingizimu ne-Afrika ngokwentando noma ngokuzikhethela. Esikhathini sempi noma ekuviveni kwamabutho okugunyaziweyo uMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo WaseRiphabliki YaseNingizimu ne-Afrika unokubutha amabutho ngempoqo ngokusebenzisa noma uthume imibutho yeMibuso yeziZifunda njengoba kudingeka.

UMbuso ngeke ulicindezele ilungelo lezakhamizi lokuphatha izikhali, kepha unokulilinganisa ezikhathini nasezimeni ezithile eziphuthumayo.

AMANDLA AQONDENE NEZIKHATHI EZIBUCAYI

91. Amandla agondene nezikhathi ezibucayi

. . Â«zaÂ¥Mengameli - unokumemezela . isimo - esibucayi eMphemeni Wezifunda Lo g ï¬\201’&bamblseneyo noma ezindaweni ezithile ezinqunyiweyo zoMpheme. - #ekumenyezelwa kwesimo -esibucayi - â\200\230kuyohlinzeka - inkomba yohlobo lwesimo esibucayi futhi kukhombe ukuthi yimaphi amandla kaHulumeni woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo, aweZifunda, awoMasipala noma awezakhamizi zizonke uMengameli ahlose ukuwasebenzisa ukubhekana nesimo esibucayi, ukuthi lawomandla kulindeleke ukuba asetshenziswe kanjani nesikhathi esingakanani, kanye nezinye izinyathelo nezenzo uMengameli ahlose ukuzithatha nokuzenza. Kuyothi kungakadluli amahora angama-24 uMengameli abize iPhalamende ukuba lihlangane emhlanganweni ohlanganyelweyo ukuzoqinisa ukumenyezelwa kwesimo

esibucayi. IPhalamende linokusiguqula isimemezelo sesimo esibucayi. Nxa isimo esibucayi sidala ukuba iPhalamende lingakwazi ukuhlanganiswa, isimemezelo sesimo esibucayi siyokwethulwa eNkantolo Yesakhiwo ukuba isemukele. Nxa lokhu kungenakwenzeka, isimemezelo sesimo esibucayi siyokwethulwa kuMengameli weNkantolo Yesakhiwo noma kuMengameli weNdlu yeziGele noma kuMengameli woMkhandlu Kazwelonke, njengokulandelana kwabo ukuba basemukele.

UMengameli uyosiguqula isimemezelo sesimo esibucayi ukuba sihlinzeke ulwazi olwengeziweyo, ukunikeza imininingwane yolwazi oseluvele luhlinzekiwe ngaphambili nokubika ngezinyathelo ezithathiweyo ukubhekana nesimo esibucayi

[Phalamende noma iNkantolo Yesakhiwo inokuyimisa noma iyiguqule imibandela yesimemezelo esibucayi nganoma yisiphi isikhathi. UMengameli angase adinge ukuba iPhalamende noma iNkantolo Yesakhiwo ihlangane ngasithe ukuxoxa ngokuqondene nesimo esibucayi, nokuba lokho okuqukethwe yisimemezelo sesimo esibucayi kugcinwe kuyimfihlo.

Noma yisiphi isinyathelo esithathwa ngenkathi yesimo esibucayi siwahlonipha ngezinga eligcweleyo ngokungenzeka ezimeni ezikhona amalungelo nenkululeko yezakhamizi zombuso njengoba kwemukelwe kwagqiniswa kulesiSakhiwo.

IZIQINISEKO ZESAKHIWO

92. Amandla eNkantolo Yesakhiwo

INkantolo Yesakhiwo iyakuba namandla apheleleyo nokungawayo ’F%â\200\230hela kulezizindaba ezilandelayo:

Sileub ukeza ukuhambisanaâ\200\230 nesakhiwo kwemithetho emiswe nguMpheme Wezifunda Ezibambiseneyobuso

ukuhlinzeka iseluleko esiyisibopho kunoma iyiphi inkantolo yokugcina yemibuso yezifunda ezingamalungu okungamangalwa kuyo ephezu kokuhumusha noma ukulinganisa ukuhambisana nesakhiwo noma amandla omthetho woMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo